Address by Mayor Councillor Zandile Gumede
at the Maskandi Awards
1 April 2017
Durban ICC, Auditorium

- Programme Director,
- Abahleli bomcimbi kaMaskanda,
- Izikhulu nabahlonishwa abakhona,
- Amaciko ethu omculo kamaskandi,
- Izihambeli zethu ezivela kulolonke leli,
- Abaxhasi bomcambi,
- Abasakazi nabamaphephandaba,
- Ladies and Gentlemen,

Sanibonani

Ayikho into emnandi ngokunibona nigcwele kulelidolobha ukuzothakasela umculo kaMaskandi. Njengomkhandlu weTheku sithanda ukwamukela zonke izihambeli zethu eziphuma kulolonke leli likaMthaniya. Sibonge ngokufika kwenu niphephile singakaze sizwe ngasigameko.

Thina njengomkhandlu oholwa uKhongolose kuyento esiyikhuthazayo ukuthi abantu bagubhe amasiko abo Kanye nomculo wabo nomangabe onjani. Futhi umculo othandwa abantu abamnyama sifuna ukuwubona ugujwa ezindawe ezifana no-ICC nase-Moses Mabhida ngoba umculo omkhulo. Lomculo unabalandeli abaningi futhi unomyalezo omuhle nofundisayo. Nathi siyawuthanda uyasijabulisa, sizoqhubeka

nokuwuxhasa nokuweseka njengomkhandlu oholwa uKhongolose.

Amasiko ethu akumele afihlwe kumele asekwe aziwe izwe lonke ukuthi thina ma-Afrika siphila kanjani. Umangabe kufika izivakashi eThekwini sisuke zizongcebeleka kodwa ziyathanda ukuzwa umculo wesintu ohlukile, zifuna ukusibona sishaya ingoma. Ngakho kubalulekile ukuthi siziqhenye futhi singesabi ngomculo wethu. Lomculo kumele ungene emhlabeni wonke ufundwe ngisho ezikoleni njengoba nathi izingane zethu zicula isiNtALIYANE kumculo wamaKhwaya. Sifuna amaNtaliyane nawo acule isiZulu ashaye umaskande. Sifuna ukubona amaShayina edla idombolo nenyama yembuzi njengoba nathi sesidla ukudla kwabo. Sithi akube khona ukushintshana

ngamasiko, sihwebelana namazwe angaphandle ngemali nangamasiko.

Esikuthandayo ukuthi sinomongameli wethu ofana noMsholozi owuthandayo umculo namasiko esintu. Ungumongameli okwazi ngisho ukuqamba amaculo aphinde ahlabelele yena siqu sakhe. Besiqala emlandweni ukuba noMongameli okwazi ukusakaza umaskanda o**Khozi**ni.

Mphathi wohlelo,
Ngendlela awuthanda ngawo lomculo,waze waqhamuka neculo Umfazi omnyama wasishiya, elalithi “ Kukhona okuzovela.” Siyabona namanje abantu basaqhubeka nokulwisana naye uMongameli ngoba besaba ukuthi kukhona azokuveza kanti

cha, yena uvele akhethe ukuthula. Noma ngabe sebemphehlela amanzi ngisho ekhaya yena uvela athule nje uMtaka MaMzobe.

Kulezinsuku ngathi benza lokhu okwabonwa uPhuzekhemisi – umangabe esethi “ **Sebehlangene ngami lababantu, akenibabheke.**” Sebehlangana ngaye ngisho naseMngcwabeni umfoka Msholozi. Ngathi umama wakhe wayazi ukuthi kuyobanje ngenkathi emuqamba ngokuthi **uMhlanganyelwa**.

Angikusho kugcwale umlomo ukuthi siyameseka uMongameli Zuma njengoba bemthuka bemninda ngobende inyama engayidlanga. Asikhathali nomangabe sebembiza ngebhingca,

vele lona unyaka wamaBhingca. Sithi akaqhube umongameli angasabi sibaningi siyameseka.
Sihalalisela onqonqoshe abasanda kuqokwa, sibafisela inhlanla. Siphinde sihalalisela bonka abaculi bamaskande.

Sithi halala, kwabawinile! Sithi phambili ngomculo kaMaskandi,phambili! Sithi phambili ngoMsholozi!